ISIFUNDO SABANTU
ABADALA SESIKOLE
SESABATHA

1 INCWADI YESAMBULO



Okuqukethwe

1	Ivangeli eLivela ePhatmose – Zibandlela 29 – Masingana 4	4
2	Phakathi Kwezinti Zezibani – Masingana 5 – 11	12
3	Abantu BakaNkulunkulu Emadolobheni – Masingana 12 -18	20
4	Ukugcotshwa KweWundlu NjengeNkosi – Masingana 19 – 25	28
5	.Izimpawu Eziyisikhombisa – Masingana 26 – Nhlolanja 1	36
6	Abantu BakaNkulunkulu Abaphawuliwe – Nhlolanja 2 – 8	44
7	Amacilongo Ayisikhombisa – Nhlolanja 9 – 15	52
8	USathane, Isitha Esesanqotshwa – Nhlolanja 16 – 22	60
9	USathane Nawozakwabo Ababili – Nhlolanja 23 – Ndasa 1	68
10	Ivangeli LikaNkulunkulu Laphakade – Ndasa 2 – 8	76
11	Izinhlupho Eziyisikhombisa Zokugcina – Ndasa 9 – 15	84
12	Ukwahlulelwa KweBhabhiloni – Ndasa 16 – 22	92
13	"Ngenza Konke Kube Kusha" – Ndasa 23 – 29	100

Ihhovisi Labahleli:
12501 Old Columbia Pike
Silver Spring, MD 20904

Sivakashele ku Web Site yethu:
http://www.absg.adventist.org

Umbhali Obe Negalelo Elikhulu:
Ngu Ranko Stefanovic

Umhleli:
Clifford R. Goldstein

Uzakwabo:
Soraya Homayouni

Umphathi Wezokushicilela:
Lea Alexander Greve

Umsizi Womhleli:
Sharon Thomas-Crews

Umxhumanisi Wase Pacific Press®:
Wendy Marcum

Imidwebo:
Lars Justinen

© 2019 General Conference of Seventh-day Adventists®. Onke amalungelo agodliwe. Ayikho ingxenye yesifundo Sesikole seSabatha (Esejwayelekile) engaguqulwa, ilungiswe, ikopishwe, noma ihunyushwe, yinoma ubani ngaphandle kokuthola imvume ebhaliwe kwi General Conference yama Seventh-day Adventists. Amahhovisi eGeneral Conference yama Seventh-day Adventist® agunyazisiwe ukwenza amalungiselelo okuhunyushwa kwesifundo Sesikole seSabatha ngaphansi kwemibandela ethile. Ubunikazi bamalungelo alezo zihumusho nezincwadi ezishicilelwe kuyohlala njalo kungokwe General Conference. Igama elithi "Seventh-day Adventist," "Adventist," kanye nophawu lwelangabi, yizimpawu zokuhweba ezibhaliswe ngokomthetho egameni leGeneral conference yama Seventh-day Adventists® kanti akuvunyelwe ukusetshenziswa kwazo ngaphandle kwemvume yeGeneral Conference. Isifundo sabadala sesikole seSabatha sihlelwe yihhovisi le Adult Bible Study Guide lase General Conference yama Seventh-day Adventists. Ukuhlelwa kwezifundo kwenzeka phansi kweso elibukhali le Sabbath School Publications Board, okuyisigungu esincane seGeneral Conference Administrative Committee (ADCOM), okuyiyona esabalalisa izifundo. Isifundo

Okuqukethwe: Incwadi YeSambulo esisatshalalisiwe siwumphumela wekomiti elicwaningayo nokwamukelwa yiSabbath School Publications Board, ngaleyo ndlela ke isifundo asiwona umbono wababhali kuphela.

Izindaba Ezinhle Ezivela ePhatmose

Eminyakeni ecishe ibe yizinkulungwane ezimbili eyedlule, umphostoli uJohane wadingiselwa esiqhingini esincane esigcwele amadwala, esiphakathi nolwandle iAegean Sea ngesizathu sokufakaza kwakhe ngokwethembeka ngevangeli. Lomprofethi osemdala wathwala konke ukuhlukumezeka basejele lamaRoma. Ngelinye ilanga leSabatha elithile, wavakashelwa uJesu Krestu, oweza ukuzokhuthaza inceku yaKhe ekuhlukumezekeni kwayo. Ngochungechunge lwemibono, uJesu wamtshengisa isithombe somlando webandla nalokho abantwana bakaNkulunkulu ababeyodlula kukho ngesikhathi belindele ukubuya kweNkosi yabo.

Lokho akubona embonweni uJohane wakuloba phansi ngokwethembeka encwadini egoqwayo, wayibiza ngokuthi yi “Sambulo sikaJesu Krestu” (Samb. 1:1). Lencwadi ayibhala yembula lokho okwenziwa nguJesu selokhu wenyukela ezulwini nalokho ayokwenza uma esebuya. Kwakuhloswe ngayo ukuqinisekisa amaKrestu eminyakeni yonke ngobukhona buka Krestu nokuwakhuthaza uma edlula phansi kwezilingo zasekuphileni kwansuku zonke emhlabeni ocwile kulempikiswano enkulu.

Kulekota, sizoshona kulencwadi. Ngenxa yokungeneli kwendawo yokubhala, ngeke singene kuyo yonke imininingwane. Esikhundleni salokho, sizogxila ngokubanzi ezigabeni nezihloko eziqavile zalencwadi. Abafundi bayanxuswa ukuthi bazifundele ngokwabo. Injongo ukuthi bajwayelane nezihloko eziqavile zalencwadi, futhi babone ukuthi nangempela yembula uJesu Krestu, impilo yaKhe, ukufa kwaKhe, nomsebenzi

awenzela abantu baKhe.

1. Ukufunda kwethu iSambulo kwesekwe phezu kwemfundiso yeBhayibheli ethi liphefumulelwe. Nakuba izigijimi zalencwadi zavela kuNkulunkulu nje, ulimi ezeza ngalo olwabantu. Ngokusebenzisa ulimi nemifanekiso ethathelwa emlandweni wabantu bakaNkulunkulu eTestamenteni eliDala, sizothola indlela uJohane adlulisa ngayo lezo zigijimi.

2. Izigijimi zeSambulo ziyahlaziywa bese zisetshenziswa ngendlela yokuchaza isiprofetho efundisa ukuthi isiprofetho silandela umshungo womlando kusukela kudala endulo kuze kuye ekupheleni komhlaba (historicist method). Kunokuba sivele sisebenzise incazelo esizicabangele yona, sizokwenza yonke imizamo ukuthola impendulo encwadini uqobo, sifunda ngolimi olusetshenziswayo, imifanekiso yakhona kanye nendikimba.

3. Indlela okuhlelwe ngayo iSambulo ibaluleke ngezindlela eziningi ekusetshenzisweni kweziprofetho zalencwadi. Ukuhlaziya kwethu kwalencwadi kuzokwesekelwa phezu kwesakhiwo sayo esinxantathu:

a. ISambulo 1:9-3:22 sigxile kwisimo samabandla ngezinsuku zikaJohane; futhi lezindimana ziprofetha ngesimo sebandla eminyakeni eyehlukene yomlando.

b. ISambulo 4:1-11:18 siphinda umlando webandla kusukela ngesikhathi sikaJohane kuze kube yisikhathi sokugcina, sisebenzisa imifuziselo eyenezela eminye imininingwane.

c. ISambulo 11:19-22:5 sigxila kakhulu esikhathini sokugcina.

4. Ukuhunyushwa kweziprofetho zeSambulo okwenza umqondo kumelwe kugxile kuKrestu. kungoKrestu kuphela lapho imifuziselo nemifanekiso yencwadi yeSambulo ithola khona umqondo wayo nesisindo sayo.

ISambulo sethembisa izibusiso kulabo abafundayo noma abalalela amazwi alesiprofetho, futhi baqaphele, bagcine iziyalo ezitholakala lapho: “Ubusisiwe ofundayo nabo abawezwayo amazwi alesi siprofetho, bagcine okulotshiweyo kuso, ngokuba isikhathi siseduze” (Samb. 1:3, NKJV). Njengoba sizohlaziya lencwadi, uyamenywa ukuba uzitholele izinto odinga ukuzizwa, nokwenza uma silindele ukubuya kweNkosi yethu uJesu Krestu.

URanko Stefanovic, Ph.D., usolwazi wezeTestamente eliSha eSDA Theological Seminary, Andrews University. Ikhono lakhe elikhulu ligxile encwadini yeSambulo. Ungumbhali wencwadi echaza iSambulo ebizwa ngokuthi “Revelation of Jesus Christ” kanye nenye ethi “Plain Revelation.” Izifundo zakhe zeSambulo ziyatholakala kuchungechunge oseluqhubeke isikhathi eside kumabonakude i-3ABN.